

## **THE INKOSI ALBERT LUTHUL ORAL HISTORY PROGRAM :2019**

### **THEME : 25 YEARS OF FREEDOM AND DEMOCRACY.**

abantu bayakhulumu futhi bohlale bekhulumu kodwa ngeke  
baye nganxane bengemanzi.

Sigubha iminyaka engamashumi amabili nanhlanu enkululeko  
nentando yeningi.

Libafazi bedube inyama umnumzane Dladla uzihlalele kwakhe  
uxoxa nendodana yakhe uXolani.

Xolani! yebo Mgabadeli.

“ake ulalele ngikutshele lendaba. Ngo 1898 emzini wakwa  
Luthuli kwazalwa ingane yomfana njengawe nje ndodana.  
Abazali bakhe babengazi ukuthi bazele ingqalabutho uqobo”.

“Iliphi leloqhawe okhulumu ngalo baba”? kubuza uXolani.

Wamamatheka uDladla wanikina ikhanda, “ngisho iNkosi  
Albert Luthuli ukuzalwa kwakhe kwaletha olukhulu ushintsho  
eNingizimu Afrika, bheka kwaze kwaqanjwa ngaye  
isibhedlelakazi ngasemkhumbane ngaye njalo belu. Kwathi ngo  
1935 waqokelwa ukuba inkosi la eduze nje eGroutville.

Walwa nobandlululo esizana namanye amaqhawe anjengo Tata  
Madiba, Walter Sisulu, ngingayikhohlwa kanjani imbokodo o  
Lilian Ngoyi, Helen Joseph nomama Albertina Sisulu.

Uyabona ke Xolani mfana wami abantu abamnyama babephila  
ngaphansi kwengcindezi enkulu babengavunyelwe ukuthi vu.

Kwabe abakhulanga o Albert Luthuli zashintsha izinto. Ilapho ke mntanami u Albert Luthuli abamba khona iqhaza elwa nokuthi sithole lenkululeko namhlanje esigxotshwa ngezinyawo”.

“Ngiyezwa baba kodwa kusekuningi okuyizingqinamba kuleli. Ake sibuke nje ezikoleni ,izakhiwo zezikole zasemakhaya kusekhona ezodaka, ayikho imitapo yolwazi, azikho izindlu zangasese. Uma ubheka ezemidlalo azikho izinsiza ezifanele ezemidlalo ehlukahlukene”.

“Ngiyakwazi lokho mfana wami, ingakho kufanele nibambe elikhulu iqhaza emfundweni ukuze niqhubeke lapho oNkosi Albert Luthuli bagcina khona, Nakuba kukhona izingqinamba kodwa kukhona okuhle esikuzuzile njengohlelo lokudla ezikoleni oluwsizo kakhulu ebantwaneni abantulayo.

Abezempilo baqale uhlelo oluhle kabi ezikoleni lapho bejova amantombazane amancane ukuvikela isifo somdlavuza kanti nomnyango wezenhlalakahle ubambe elikhulu iqhaza ekusizeni abantu ngemali yesibonelelo sikahulumeni sabantwana”.

“Mina baba ngifisa uHulumeni angenelele avakashele zonke izindawo zasemakhaya abone ingcindezi okuphilwa ngaphansi kwayo kodwa sibe sithi sathola inkululeko”.

**Name of School : Mmangaliso Primary School**

**Name of Learner : Siphokuhle Mdlalose**

**Grade ; 7**

**Story Telling isiZulu**

**UMzinyathi District**